# AMAPHAHLA ESINTU

## NGIYINI AMAPHAHLA ESINTU?




Amaphahla esintu ngamali ekhishwa ngamakhosi noma ngamakhansela esintu ebantwini bomphakathi. Le mali ivamise ukuqoqwa uma umuntu efuna izinto ezifana nalokhu: incwadi yokufakaza ukuthi uhlala endaweni ethile, imvume yokwenza imikhosi, ukuthola umhlaba, ukuvula ibhizinisi, noma ukuxhasa ukusebenza kweKhansela lesintu.

Inani lamaphahla liyahluka ukusuka endaweni kuya kwenye. Kuthiwa liyiphahla uma kuyinkokhelo ephoqelelwe, hhayi ngokuzithandela.Uma umuntu ejatshuliswa noma ejeziswa ngokungakhokhi, lokho kusho ukuthi liyiphahla ngoba awunalo ilungelo lokuyenqaba.

## UMTHETHO UTHINI NGALA MAPHAHLA ESINTU?

- UMthethosisekelo weNingizimu Afrika uthi uhulumeni kazwelonke, wesifundazwe kanye kamasipala kuphela abangakhokhisa abantu izintela, amarhafu noma amaphahla.

## SIFUNDO ESIBALULEKILE – IZINKANTOLO ZASELIMPOPO:

- Isigaba 25 somthetho i-Limpopo Traditional Leadership and Institutions Act 6 of 2005 esivumela amakhansela esintu ukuthi akhokhise amaphahla, sitholakale singahambisani noMthethosisekelo futhi asisebenzi.
- Ngo-1 kuLwezi 2023, iNkantolo ePhakeme yaseLimpopo yathi lesi sigaba asisakwazi ukusetshenziswa ngoba siphikisana noMthethosisekelo.
- Ngo-20 kuZibandlela 2024, iNkantolo YoMthethosisekelo yaqinisekisa isinqumo seNkantolo yaseLimpopo, yathi amaphahla esintu aphikisana noMthethosisekelo.

**Amakhansela esintu kanye namakhosi awanalo ilungelo lokukhokhisa izintela noma amaphahla kubantu bomphakathi.**

Limpopo High Court Order

Constitutional Court Judgment

Umthetho wesintu uvumela ukuthi amaphahla akhokhwe ngokuzithandela kuphela, futhi emva kokuthi abantu bomphakathi sebexoxile ngenhloso yawo, imali edingekayo, kanye nokuthi izosetshenziswa kanjani.

Kulungile yini ukuthi sikhokhise kabili? Imali iya kuphi?

**Ngokomthetho we-Free, Prior and Informed Consent (Imvume Engakhokhelwa, Engaphambi, Efanele Ukwaziswa). Nginalo ilungelo lokwazi:**

- Ngikhokhelani?
- Kungani ngikhokha?
- Ingabe kuyangilimaza uma ngivuma?
- Ingabe ngizohlawuliswa uma ngingavumi?
- **Nginalo ilungelo lokushintsha umqondo wami!**

STOP THE BANTUSTANS

# NGIKHOKHELANI? IZINYATHELO EZILANDELAYO...

### IZINHLOBO ZAMAPHAHLA AVAMILE:

- [ ] Amaphahla okungcwatshwa-Imali yokungcwatshwa emphakathini
- [ ] Amaphahla okuphatha iKhansela lesintu
- [ ] Imali yezikole zokwalusa (initiation schools)
- [ ] Imali yemikhosi noma imicimbi yesintu
- [ ] Amaphahla ezinkomo (uma uthutha noma ushintsha izinkomo)
- [ ] Amaphahla omshado (ukuqinisekisa umshado wesintu)
- [ ] Amaphahla omhlaba- Imali yomhlaba noma imvume yokuhlala
- [ ] Amaphahla okuxhasa izikolo
- [ ] Amaphahla entuthuko-ukwakha ihholo noma indawo yomphakathi
- [ ] Amaphahla ezokuphepha
- [ ] Izijeziso (amafines)

**Lokho kusho ukuthi abantu bomphakathi abaphoqelekile ukukhokhela amakhosi noma amakhansela esintu.**

**Wenzeni uma usaphoqelelwa ukukhokha?**

- Bhala isicelo (petition) eya ePhalamende lesiFunda
- Xhumana ne-CoGHSTA
- Yiya emaphoyiseni (SAPS) aseduze nawe
- Shayela uMugcinimthetho wesifunda (Premier) ku toll-free line yakhe
- Noma uxhumane nathi ku: info@stopthebantustanbills.org




## Ukuthola ilwazi elinabileko


INFO@STOPTHEBANTUSTANBILLS.ORG
+27 (0) 10 021 04572 / +27 (0) 66 132 5909
HTTPS://STOPTHEBANTUSTANBILL.ORG


STOP THE BANTUSTANS